

# Thulasizwe Hospital Heritage Day





Gabi Gabi!! Wawukuphi wena thina sihlobile ngesintu sethu, sihubo amahubo, sishay' ingoma sishay' ishindindi!! Engekho okhulum' obut no-because abakhulu, sale usu-thula mtakaMtshali bathi indaba ixoxwa ngezithombe.





**UHLELO LOSUKU LWALUMI KANJE  
MPHATHI WOHELO: MNU X.B. SIBISI**



Umphathi  
wohlelo



ITEM 2

**1.UKUVULWA KOMICIMBI NGOMKHULEKO :  
NKZ. P.N BUTHELEZI**

**2.INHLOSO YOSUKU: MNU. E.G ZULU**

**3. UKUTHULWA KWEZIHAMBELI: MNU. P.Z BU-  
THELEZI**

**4. IZIMBALI ZASETHULASIZWE**

**5. UMLANDO NGOCEZA: INYOSI YESILO UBABA  
UMDLETSHE**

**6.OSAZIWAYO BAKWACEZA**

**7.UMLANDO NGESIBHEDLELA**

**8.UTALAGU**

**9. IZIBONGO/INKONDLO: INYOSI YESILO: MNU.  
B.M. MDLETSHE**

**10. AMAZWI OKUBONGA : PM MTSHALI**

**11. IZIMEMEZOLO: PM MTSHALI**

ITEM 1



ITEM 3



ITEM 4



ITEM 10



ITEM 5&9



ITEM 8

# AWUBHEKE NJE UKUTHI IZIHAMBELI ZETHU KWAKUNGOBANI




IZIHAMBELI ZETHU

MNTWANA WAKWADAY-  
INGUBO, MNTWANA WASE-  
MGANGADU, MNTWANA  
WASENKULAKUDE, MNT-  
WANA WAKAKLIBHI, MNT-  
WANA WASEMPANGISWENI,  
Induna uKhumalo, umfowabo  
weNduna Khumalo, udadewabo  
weNduna Khumalo, Mnu. B.C.  
Mtshali (Usihlao webhodi le-  
sibhedlela) kanye neNyosi YeSilo,  
Mnu. B.M. Mdletshe.


Kwesokudla: Nksz. Z. Madide, Mnu. M. Gida  
(District Mentor Co-ordinator), Nkz. M.B. Khumalo  
ilunga lebhodi no Nkz. T.Z. Zulu.

Ngezansi: uNksz. T. Ngcobo (District Communications  
Practitioner), Nksz. N. Ndwandwe



uNkz. T.M. Mwandla enikeza isikhu-  
lumi sosuku Inyosi YeSilo uMnu. B.M.  
Mdletshe isipho sakhe .

Izicukuthwane Zethu zazibukeka kanje uma sezihleli  
phansi



Mtwana uSmiso Zulu, District Superintendent:  
Electrician ephuma kuMasipala waseZululand



**GABI GABI!!!!!! UNGABHEKI UYAHALA.  
WEEEEEEE!! USUVELE WACONSA AMATHE!!**



**Uhla lokudla: Isitambu, uphuthu, ujeqe, ubhatata, amadumbe, inqeqe, imfino, indlubu, inyama yangaphakathi, inkukhu yesiZulu kanye nezinkobe.**

**Izithelo: amahhabhula, ubhanana, iwolitshi**

**Okuphuzwayo: Amahewu, amanzi**

**nophayinaphu**



**Ungathi wayengasazi ukuthi adle khona kuphi? Wena wasingcina nini isijingi?**



**Ungabheki inzipho zomuntu oqob' inyama dlan' inyama. Sasidla ndawonye wena wenzani?**

**UKUDLA OKWAKUDLIWA  
KWADLULA KULEZIZANDLA**



**Ithimba leli elaliphekela umcimbi: kusuka kwesokunxele, Nksz. A.B. Kubheka, Nksz. P.M. Mtshali, Mnu. J.M. Dlamini, Nkz. T.M. Mwandla, Nksz. S. Zungu, Nkz. N. Khumalo, Nkz. N.G. Buthelezi, Nksz. N. Mthembu, Nksz. T. Ntshangase, Nkz. K. Ngema, kanye noMnu Say Buthelezi,**



### INYOSI YESILO UBABA B.M. MDLETSHE

Inyosi yeSilo ubaba Msindazwe wadela konke okwakusezinhllelweni zakhe wathi uzoba nathi emcimbini wokugujwa kosuku Iwamagugu eThulasizwe. UMsindazwe wasipha omuhle umlando ngentaba uCeza eseduze nesibhedlela okuyintaba lapho kwakuhlala khona amabutho eNkosi uShaka uma kuthiwa ahlezi entaben, okuhle ngayo intaba le inomgede omkhulu, inamatshe aqoshwa amabutho eqopha umlando (ungafika uzozi-bonela lobubuhle ungezwa ngomuntu ekutshela) okuphinde kube kuhle ukuthi intaba lena inamalahle lawa esiwathenga ezitolo inanodaka olushisayo. Eduze nayo sekwaba neLodge ebizwa ngeThangami ebuye isebezise yona lentaba ukuveza ubuhle bendalo. uBaba uMsindazwe waphinda wasisholo izibongo zamakhosi esika elijikayo kwelinye Iamacwecwe akhe alikhiphe ngonyaka ka-2011 kanti iyatholakala nasezitolo.

Siyabonga Ngomane ngokwenza usuku lwethu lumphumele, Msindazwe, Mfuyi wamatshe adele izinkomo, Fumbath' ubuhla' obubomvu babungembathwa muntu KwaZulu, kwakungebuhlalu bangemplela kwakuzingazi zamadoda. Wena kaMadela umyalo, uthande ingazi zamadoda, kuba kazi uyodlan i kaZulu ngoba kakudliwa lutho kudliwa ingazi zamadoda kuphela. Wena kandlebe kazizwa kuba kazi zaba nani ngoba ezabanye ziyezwa. Ngomane !!! Msindazwe !!!



Mnu. B.C. Mtshali uS'hlalo  
weBhodi lesibhedlela ekhu-  
lumela isibhedlela sakwaThu-  
lasizwe. Siyabonga Hlaban-  
gane, Magalela agase  
njengengonyama, Mlambo!  
Nsele elihle. Hho he angithule

Mntwana wakwaKlibhi  
ekhulumela abaNt-  
wana oNdabezitha,  
oMageba, S'thuli kaN-  
daba iNkos' ayiqed-  
wa.



Amalunga ebhodi le-  
sibhedlela: Nkz. T.Z. Zulu, Nkz.  
M.B. Khumalo neNyosi YeSilo  
uMsindazwe.



## AWUBHEKE UBUHLE BASETHULASIZWE

Ungafunga ukuthi undwende, cha akulona abasebenzi laba



uMntwana EG Zulu noN-dlunkulu umaKubheka wawungafunga ukuthi bekuphikiwe. Cha niyayenza lento yenu



Guga mzimba sala nhлиз-  
иyo, Zigqalabutho za-  
seThulasizwe ke-lezi ,  
isihlahla asigugi namaxolo  
aso. Wamuhle Ndabe-  
zitha!! Wamuhl' llanga  
seliyoshona.



iSwazi leli, iSwati  
mbamba umaDlamini iNgwane  
eliidle, lihle nangenhliziyo. Lem-  
betho ezangakubo



Heeebe!! Usuthu!! x2  
Babengaphi! Babengapha thina  
singapha, babengapha. Uya-  
memez' okaNdaba uyiNkosi  
yohlanga! Hehe! uyiNkosi  
yohlanga, Waze wayiNkosi  
yohlanga, uyiNkosi yohlanga



Ngibonga abaphathi besibhedlela, abasebenzi,  
ibhodi lesibhedlela, iNyosi yeSilo, Abantwana,  
Induna Khumalo, Izihambeli Zethu ezivela eDis-  
trict naseSt' Francis, ithimba ebepheka, abaxhasi  
bomcimbi: Engweni Caterers, Mathu G&G &  
Duvela Store . Ngiyabonga kakhulu!!

iDVD ikhona kanti nezithombe  
zikhona ku-website kaThulasizwe

Ayihlale phans' ibamb' umthetho x2. Hlala phansi, sengihleli x3

Intombi zishaya ingoma. Wayishay' ingo-  
ma maZulu




## IMBALI ZASETHULASIZWE




## MANA KANCANE NGIKUHLEBELE



INKOSI USHAKA, ILEMBE LEQA  
AMANY' AMALEMBE  
NGOKUKHALIPHA



UMUZI WENKOSI WAWUBUKEKA KANJE



Uguqa mawuletha  
ukudla, uhloniphe



Amanzi siwakha emlanjeni,  
kuwe ukhamba lophihlike  
isifikil' insizwa izozibika  
ukuthi ayisalali nasebusuku  
icabangana nawe  
“mtanomuntu sale usungini-  
ka uculwami ”




Kulalwa esikhumbeni

Kwakuhlalwa phansi zingekho  
izitulo. Uhlale ngentombi



Usakwazi nje  
ukutheza, uth-  
wale inyanda.  
Weeeee!!



WAWUGQULWA



Kugaywe amahewu

INTOMBI ZISEMHLANGENI, UKUHLOLWA  
KWEZINTOMBI KUSENZEKA NAMANJE



## KWAKUBUSWA KWAZULU, AWUBHEKE NJE UBUHLE OBUNJANI

